

LAMUHLA LUMBHALO

UGCWALISEKILE



Qhubekani limile nje, nxa lithanda, lapho sikhothamisa amakhanda ethu okwelizwi lomkhuleko.

² Baba oseZulwini Othandekayo, silokubonga lobubusuku ngalokhu, elinye ithuba lokubuya lokunikeza leli eliyinkazimulo, elimangalisayo iVangeli likaJesu Khristu. SiyaKubonga ngenxa yokuthi Ulokhu engofanayo izolo, lamuhla, lanininini. SiyaKubonga ngalaba bantu labo ababuthene phandle lapha esikhathini somkhathi lowu oqandayo, futhi lokukhangelela kwabo kulokhu kukukhulu, bekhangele, bekhohwa ukuthi enye into engajwayelekanga kakhulu izakuphiwa thina ivela kuNkulunkulu. Sibuya kanye lethemba lelo, Nkosi, kuwo wonke umhlangano. SiyaKubonga ngezinkonzo, ubusuku bakuthange, ethabhanekeli; siyakubonga Wena ngokwenkonzo lapha intambama edluleyo, futhi lenkonzo lamuhla, ethabhanekeli. Sikhangelele phambili khathesi lokho Ozasipha khona lobubusuku.

³ Baba, siykwazi ukuthi loba ngubani lowo owenelisayo ukuhambisa izandla zabo angavula amakhasi eBhayibhili, kodwa kuloYedwa kuphela Lowo ongaLenza Liphile futhi libe qotho, futhi lowo Nguwe. Futhi, Baba sikhangele Wena ukukwenza lokho lobubusuku. Sibusise ngayo yonke indlela. Inhliziyo zethu zigwele intokozo lapho sibona isikhathi sisondele lapho sizakuhlangana Laye, ubuso ngobuso, Lowo esimthandileyo futhi samphilela yonke iminyaka leyi.

⁴ Abanengi abatsha abaphendukileyo, Nkosi, benziwe. Sizwisisa ukuthi ixuku elikhulu, amatshumi amane kumbe amatshumi amahlanu, bazakubhaphathizwa eBizweni Lakho, ekuseni, kusukela enkonzweni ebusuku obedluleyo. O Nkulunkulu, siyacela qhubeka, siyakhuleka, kuze kuthi yonke iMbewu kaNkulunkulu emiselwe ngaphambili ibone iVangeli lokuKhanya, futhi ibuye esibayeni.

⁵ SiyaKucela ukuthi usifihle lobubusuku ngemuva kweLizwi; siphumputhekise ezintweni zomhlaba, futhi makuthi sibone uJesu. Makuthi kube khona isehlakalo seNtaba yoKuguqulwa phakathi kwethu, lobubusuku, ukuthi singaboni muntu kuphela uJesu. Sikucela khona eBizweni Lakhe, futhi lokwenkazimulo Yakhe lokuqiniswa kweVangeli Lakhe. Amen.

Lingahlala phansi.

⁶ Ngizatshibilikisa imayiki leyi, kumbe itafula leyi, kancinyane nje eceleni, nxa kulungile, ukuze ngibone

amacele wonke ombuthano. Ngithemba ngingathatha lawa amamayikrofoni khona ngapha alunge. Kulungile okwesikhatshana nje.

⁷ Siyabingelela, kusukela esakhiweni esikhulu lapha lobubusuku, abangane bethu eArizona, eCalifornia, eTexas, futhi kudabula iUnited States, ngendlela yefoni. Lokhu, lokhu kuhamba ilizwe lonke jikelele, linkonzo lobubusuku, ngendlela yefoni, ngakho siyathemba ukuthi uNkulunkulu uzasibusisa.

⁸ Liyezwa yini, emuva kusiya, e—e sakhiweni kwesokunxele? Kulungile, bazakuya khangela khathesi uhlelo lwefoni, ukubona uba kusebenza kuhle.

⁹ Umuntu wonke uyathokoza lobubusuku? [Ibandla lithi, “Ameni.”—Mhl.] Tshono, kulungile! Kulelicele? [“Ameni.”] Ameni. Ngiyathokoza ukubona ukuthi lonke lihlezi kuhle.

¹⁰ Futhi manje kusasa ebusuku, nxa amaxuku eqhubeka esiba manengi, lawo azaxhunyelwa ifoni khonapho. Ikhona lobubusuku. Ngicabanga amanye awo aphantsi khonale ethabhanekeli.

¹¹ Futhi, kusasa ekuseni, inkonzo azisoze zenzelwe ethabhanekeli, ngoba i . . . kuzakuba khona umuntu wamaluba lapho ececisa ibandla okomtshado kusasa emini. Futhi sebentshintshela i—izinkonzo, ekuseni, ebandleni likaMfowethu Ruddell, omunye esisebenzelana laye, futhi laphezulu e—emgwaqweni lapha, 62. Ngabe sokumenyezwe na? [UMfowethu Neville uthi, “Yebo.”—Mhl.] Sokumenyezwe. Futhi, nxa kungagcwala kudlulise phezulu lapho, sizathatha abaseleyo futhi sithumele omunye umtshumayeli phansi kuMfowethu Junior Jackson, phansi eClarksville. Isizatho sokuba sikwenzele khona koMfowethu Ruddell, kuseduzane lapha, futhi thina singa . . . futhi sicabange ukuthi lingakufumana lokho kalula. Futhi-ke sizakunakekela ngezinye indlela. Futhi libe leqiniso ukuthola konke lokho kubhaphathizwa kusasa, futhi ngiyathemba kuzakuba lelinye ikhulu kumbe amabili angezelelweyo kulabo ekubhaphathizweni kusasa. Futhi manje kusasa ebusuku . . .

¹² Angithandi ukumemezela loba kuyini ozakhuluma ngakho ngaphambi kwesikhathi, kodwa ngobunye ubusuku enkonzweni, kumbe ngolunye usuku, Ngifuna ukukhuluma ngesifundo sokuthi: *Ngubani LuMelkizedeki?* Ngoba, kuyi—yisifundo engicabanga ukuthi siphila ngesikhathi lapho lezi zambulo, obekungumbuzo phansi kusehla ezikhathini, zokuthi, “Ngubani uMfo lowu?” Futhi ngiyakholwa ukuthi uNkulunkulu ulempendulo, Wayengubani Yena. Abanye bathi, “ubupristi,” abanye bathi, “inkosi,” abanye . . . Kodwa kufanele kube . . .

¹³ Ingqo kuphela kulombuzo, kumele kube lempendulo kulowo mbuzo, okuqondileyo. Akungeke kube lombuzo kungazange kube lempendulo kuqala.

14 Manje, sithemba ukuthi uNkulunkulu uzasipha isibusiso lobubusuku eLizwini Lakhe, lapho siLibala.

15 Futhi libe le. . . UBilly ungitshela ukuthi ngilitshela ukuthi sibili ube lokusebenzelana kuhle labantu laba lapha lokho bekuse hlelweni lokuphaka izimota, amapholisa lento yonke. Akwale kunjalo; lokho kuhle kakhulu, kakhulu.

16 Siyathemba ukubona isikhathi, mhlawumbe kwelakusasa eliseduzane, lapho mhlawumbe singaletha ithente lapha edolobheni futhi silifake phandle lapha okudlalalwa khona inguqu, lapho esingahlala khona okwesikhathi eside, mhlawumbe okwamaviki amathathu kumbe amane, imvuselelo, kokuphela. Futhi lapha sazana nje okwesikhathi esifitshane, futhi-ke sibe sesisithi lisale kuhle futhi sibe sesihamba njalo. Kodwa ngizathanda ukubuya futhi ngihlale uhambo olwengeziweyo, ngesinye isikhathi lapho ongahlala khona ukuze singavali ngobusuku bunye kumbe obubili, kodwa nje ukuhlala futhi sifundise, imini lobusuku, ukuya lokuya. Mhlawumbe omunye ahambe ngekhaya futhi aphe inkukhu ukudla, asenge inkomo, futhi aphenyuke iviki elilandelayo futhi aqhubeke njalo kanye lenkonzo. Ngi—ngiyakuthanda lokho. Ngakho iNkosi ibekanye lani.

17 Manje, ngingakasuki, mhlawumbe ngeSonto ekuseni kumbe ngeSonto ebusuku, kumbe kwesinye isikhathi, enye yalezi inkonzo, Ngiyazi lonke lilindele ukuzwa uMbiko mayelana leQiniso ngo*Mtshado loKwahlukana*, okungokunye kwezinkinga ezinkulu zosuku. Futhi nje ngileqiniso njengoba ngimile lapha, ngiyakholwa ukuthi impendulo eqondileyo iseLizwini likaNkulunkulu, futhi ngiyakholwa ukuthi lokho yikho engakuthembisayo ukukuphendukela.

18 Futhi ngithi, ngokwazi, njengokuba ngisazi, ngifuna ukuba lenye inkonzo lapha eJeffersonville, ngeSonto yePhasika, futhi siza. . . inkonzo yokuphuma kwelanga, futhi-ke iSonto yePhasika. Ngakho sizakumemezela ngaphambili futhi sizame ukuthatha mhlawumbe iwolu, nxa kusenzeka, kumbe kwenye indawo, okwangeSonto, mhlawumbe sibuye ngoMgqibelo langeSonto. Kumele ngiphaphe ngibuya futhi ngibuyela, ngoba kuseduzane lesikhathi. . . Kumele ngikuhlole, kuqala, kanye ngohlele engilalo, futhi olunye loluhlu lohambo lwami—lwami—lwami eCalifornia. Futhi-ke, khona masinya emva kwalokho, kumele ngihambe e—eAfrica. Ngakho lihlale lisithinthile futhi lisikhulekele.

19 Manje, lobubusuku, ngifuna ukubiza ukunaka kwenu esigabeni seLizwi likaNkulunkulu, elitholakala esahlukweni 4 sikaLuka oNgcwele. Isahluko 4 futhi lendima 16, sizaqala, uJesu ekhuluma.

. . . *Lamuhla leli Lizwi ligcwalisekile endlebeni zenu.*

²⁰ Manje sifuna ukukhupha, kuLokho, isiphetho sokuthi lilamandla okuhambisa okunganani iLizwi likaNkulunkulu! Manje, thina sonke singacabangisisa okuhambisa imitshina, kodwa kuthatha aMandlokuhambisa ukukwenza Kusebenze.

²¹ Singacabangisisa lokho okuhambisimtshina, imota, kodwa ke kuthatha amandlokuhambisa ukwenza amavili aqale ukusebenza lokuhamba.

²² Manje, uJesu, wayesebuyelile e—eNazaretha, lapho Akhuliselwa khona. Kusehla phansi eMbhalweni lapha, siyathola ukuthi bathi, “Sezwa Wenza *okunje-lo-kunje* eKapenawume. Manje ake siKubone ukwenza lapha elizweni Lakho ngoKwakho.”

²³ UJesu wathi, “U—umprofethi akasweli ukuhlonitshwa ngaphandle kwaselizweni lakibo.” Futhi, ngoba, yikho lapho owakhuliselwa khona, futhi lalapho abantu abakwazi khona. Futhi lapho Wayele le—le—lebizo elibi, kwasekuqaleni, Ngaye ezalwa engela baba wasemhlabeni. BaMbiza “umntwana ozelwe ngobufebe,” ukuthi uMariya wayevele esezithwele ngaphambi kokuthathwa, ngokusemthethweni, nguJosefa. Kodwa, lokho kwakungenjalo, siyakwazi akukho njalo.

²⁴ Futhi kuluMbhalo, lokho okwangibangela ukuwisela amehlo ami phezu kwalokhu, kwakuyinto eyenzakalayo nje khona khathesi ePhoenix, Arizona. Kwakulusuku lokucina, olwenkonzo leyo engangizakhuluma kuyo eInternational Convention yeFull Gospel Business Men.

²⁵ Futhi kulumhlango omkhulu kwakule sethekeli kanye lathi, esasingubhishopi weKatolika, lowo ongo—ongowe “Chaldean Rites yebandla leApostolic Catholic; uMost Rev. John S. Stanley, O.S.D.” Ungu “ubhishopi omkhulu wedolobho leUnited States,” ebandleni leKatolika. *Lokhu* kwenzakala ukuba likhadi lakhe futhi le—futhi lekheli yakhe.

²⁶ Futhi waye yisivakatshi kanye leChristian Business Men, futhi ngangimbonile lapho, ngayizolo. Futhi lapho ngikhuluma ngoMgqibelo ebusuku, ngiyakholwa kwakuyiwo, kumbe ngoMgqibelo ekuseni ekudleni kwekuseni, futhi nga . . . Ngisakhuluma, waqhubeka engikhangela. Ngacabanga, “Leyo ndoda ngeqiniso ayivumelani lento yonke engiyitshoyo.” Futhi uyazi, wawunga—wawungambona nje; wayelokhu ephakamisa ikhanda lakhe phezulu-la-phansi, kodwa ngangingazi lokho nje okwakusenzakala kuye.

²⁷ Ngakho ngeSonto emini, lapho ngisukuma ukukhuluma, ngangizathatha isifundo sami nge*Nhlungu ZokuZala*, lapho uJesu wathi, ukuthi, “Njengomfazi ehelelwa ngomntwana,” uyahlelwa ekuzaleni. Futhike ngangizakhuluma kusukela lapho, njenge, *INhlungu ZokuZala*, isifundo, ngisithi umhlaba usenhlungwini zokuzala khathesi. Okudala kufanele

kudluliswe, ukuze okutsha kuzalwe; njenge—ngembewu ifanele ibole, ukuze iveze impilo entsha.

²⁸ Futhi lokuthi kanjani izinhlungu, inhlungu zokuzala zatshaya umhlaba! EMPini yoMhlaba yokuQala, wabalobuhlungu obunzima, ngoba babele gasi eyitshefu, lokunjalo, okwakungaphose kubhidlize umhlaba. Futhi eMpini yoMhlaba yesiBili, watshaya obunye, ubuhlungu obunzima; babelama bhomba abhidlizayo, futhi njalo lebhomba le athomiki. Angeke uwumele omunye umhelo. Lalawa amamisayili lezinto lamuhla, enye njalo impi izawuphosela phandle komkhathi, ngoba uzakuba usukhululiwe manje. Futhi kuzakuba lomhlaba omutsha. IBhayibhili lathi kuzakuba khona.

²⁹ Ngaphansi koMbiko wonke womprofethi, uSrayeli waba lezinhlungu zokuzala, ngoba ukuthi laba abaprofethi babesiza enkundleni emva kwezazi zenkolo labafundisi babengenisa ibandla esimweni senhlanganiso. Futhi lapho abaprofethi besiza enkundleni lo ITSHO KANJE INKOSI, bawanyikinya wona amabandla, futhi waba lobuhlungu bokuzala. Ekucineni, waba lenhlungu zokuzala okukhulu kwaya waze wakhululeka iNdodana yeVangeli, okwakuliLizwi ngoKwalo elenzwe laba yinyama.

³⁰ Ngakho ibandla sibili lizezinhlungwini zokuzala lobubusku, futhi, ekukhululekweni kweNdodana, iNdodana kaNkulunkulu isiza njalo. Zonke izazinkolo zethu, inhlelo zethu zonke, zonke inhlanganiso zesonto zethu sezabola khona phansi kwethu. Ngakho sisenhlangwini zokuzala, futhi uMbiko ovela kuNkulunkulu uhlezi uphosela ibandla ezinhlungwini ezinkulu, kodwa emva kwesikhatshana uzakukhululeka uMlobokazi. Ozakuveza uJesu Khristu kuMlobokazi Wakhe.

³¹ Futhi, khona-ke, ngicabanga lindoda yayinga vumelani lami kangako. Lapho ngiphakama ukukhuluma luMbiko, Ngavula eBhayibhilini lami, ukuthola ikhasi.

³² Futhi umkami wayesanda kungipha iBhayibhili elitsha, okweKhisimusi. IBhayibhili lami elidala lingaba phose leminyaka elitshumi lanhlanu ubudala, futhi lento yayisisidabukile isiyiziqephu qephu. Amakhasi, sonke isikhathi livuleka, ayekhithika ephuma phakathi kwalo. Futhi, kodwa ngangisazi nje lapho okokuthola wonke uMbhalo, ngakho ngangitaditsha sibili kuleloBhayibhili. Futhi nje ngadobha elitsha, ngoba elinye lalikhangeleka limadabudabu, ukuhamba lalo ebandleni.

³³ Futhi lapho ngiqalisa ukuvula kuJohane oNgcwele, lapho uMbhalo owawutholakala khona, ngaqala ukubala isahluko 16, futhi indima engangiyidinga yayingekho lapho. Ngakho ngacabanga, “Kuyisimanga!” Ngaphendla njalo; yayilokhu ingekho lapho.

34 futhi uMfowethu Jack Moore, ovela eShreveport, Louisiana, umgane wami wenhliziyweni, wayehlezi lapho. Ngathi, “Mfowethu Jack, kakukho lokho kuJohane oNgcwele 16?”

Wathi, “Yebo.”

35 Futhi lumpristi weKatolika wasukuma esihlalweni sakhe, phakathi kwabafundisi abaphose babe likhulu behlezi kupulathifomu; weza esondela duzane lami, kanye lamarogwe lamagawuni akhe onke leziphambano, lokunjalo, futhi wafika phansi kwami. Futhi wasesithi, “Ndodana yami, hlaliseka. UNkulunkulu ulungiselela ukusebenza.”

Ngacabanga, “Ubhishopi weKatolika etshela mina lokho?”

Wathi, “Kubale kuvela eBhukwini lami.”

36 Futhi ngabala uMbhalo eBhukwini lakhe, futhi ngathatha isifundo sami futhi ngaqhubeka, ngatshumayela intshumayelo yami.

37 Emva kwalokho, lapho sengiqedile, wasukuma emva kokuba sengihambile, futhi wathi, “Kulento eyodwa okufanele yenzakale. Emva kwalokho, ibandla kufanele liphume phakathi kwengxabangxoxa eliphakathi kwayo, kumbe kumele siphume phakathi kwengxabangxoxa ibandla elikuyo.” Ngakho, okukodwa kumbe okunye.

38 Futhi ngangisendlelani yami ngisiya ekhaya, ngibuyela phansi eTucson, leyontambama. Abantwana babekhalela isamusi, futhi ngama ukubatholela isamusi emsikeni omncinyane. Futhi umkami wathi, “Bill, angikaze ngiqhaqhazele kangako empilweni yami yonke, ukukubona umile lapho uphendla kulelo Bhayibhili.” Wathi, “Akuzange kukwenze uqhahazele?”

39 Ngathi, “Hatshi.” Ngathi, “Ngangikwazi ukuthi iphakathi lapho kwenye indawo. Kabazange babe lekhasi phakathi. Yikudinda okweqiweyo.”

40 Futhi wasesithi, “Ukucabanga, ukuthi ngikutholela iBhayibhili lelo! Kwakhangeleka sengathi lonke ilihlo phakathi lapho laliphezu kwami.”

41 Futhi ngasengisithi, “Awu, wawungeke wenze ulutho ngalokho. Lokho yikudindwa okweqiweyo eBhayibhilini.” Ngathi, “Abazange bafake nje ikhasi phakathi.”

42 Awu, ngehla phansi ngakhangela kilo njalo, laliphelele nje ngokungaba yikho; kodwa isahluko 16 siyaphela, isigaba, isigaba sakho phose nje ama intshi amathathu kusukela phansi, khona kusahluko 17 kolunye uhlangothi, kwenza into efanayo. Futhi, kuliBhayibhili elitsha, lawo makhasi amabili ayenamathelene ndawonye ngokupheleleyo, futhi ngangibala kusahluko 17 kulokuthi ku16. “Awu,” ngathi, “konke kulungile. Kungokwe sizatho.”

43 Futhi nje ngokusobala usizwa ilizwi loba yiliphi, iLizwi labuya kimi, futhi lathi, “Wangena eNazareth, kulapho Akhuliselwa khona; futhi wangena esinagogeni, njengomkhuba Wakhe. Futhi umpristi waMnika iMibhalo ukuthi abale, futhi Wabala uIsaya 61. Futhi lapho Esebalile iMibhalo, Wahlala phansi; wabuyisela umpristi iBhayibhili, iBhuku, futhi wahlala phansi. Futhi wonke amehlo ebandla ayephezu Kwakhe. Futhi Amazwi aligugu aphuma emlonyeni Wakhe. Futhi Wathi, ‘Lamuhla luMbhalo ugcwalisekile.’”

“Lamuhla luMbhalo ugcwalisekile.”

44 Uqonde kanganani uMbhalo! Nxa ungananzelela lokhu kuIsaya 61:1 kusiya ku 2, kulapho iNkosi yethu eyayibala khona, Isaya 61:1 kusiya ku 2. Kodwa phakathi kwendima yesi 2 kaIsaya 61, Wama. Lapho eyathi khona, “UMoya weNkosi uphezu Kwami; ukutshumayela umnyaka womusa,” khona-ke Wasesima. Kungani? Enye ingxenye, ukuletha ukwahlulela, kwakungaphathelananga lokubuya Kwakhe kokuqala, kodwa ukubuya Kwakhe Kwesibili. Bona, kwakungaphathelananga lalapho. Ukuthi iMibhalo kayiyenzi kanjani amaphutha! Ihlezi iphelele. UJesu wama nje lapho uMbhalo owama khona, ngoba lokho kwakuyikho kanye lokho okwakuzaqiniswa osukwini Lwakhe, manje, kulokho kubuya kokuqala. UkuBuya kwesibili Uzaletsa ukwahlulelwa phezu komhlaba; kodwa hatshi ngaleso sikhathi. Waye eza “kuyatshumayela umnyaka womusa.”

45 Nanzelela uMesiya emile kupulathifomu, ukuZibonakalisa ngeLizwi lesithembiso saleso sikhathi. Kumangalisa kanjani, uMesiya emile phambi kwebandla! Futhi khangelisa kulawa Mazwi aligugu, lapho Esithi lapha, “Ukutshumayela umnyaka womusa.”

46 “Umnyaka womusa,” njengokuba sisazi sonke, njengababali beBhayibhili, kwakungu “mnyaka wejubhili.” Lokho, lapho izigqili zonke lezibotshwa, njengoba babenjalo, bathathwa, entolongweni; futhi kwakufanele anikeze indodana, ukubhadala isikwelede; kumbe indodakazi, ukubhadala isikwelede, [Indawo engelalutho ethephini—Mhl.] futhi babesebugqilini. Kungelandaba ukuthi babesebugqilini okwesikhathi esinganani, kumbe kwakufanele bahlale lapho okwesikhathi esinganani; lapho umnyaka usiza, wejubhili, lapho uphondo lukhala, wonke umuntu wayekhululeka nxa wayefuna ukukhululeka. [Indawo engelalutho ethephini.] Ukhululekile. Wawungaseyiso isigqili.

47 Kodwa nxa wawufisa ukuhlala uyisigqili, khona-ke wawuyiswa phansi ethempelini, umiswe ensikeni yethempeli, futhi bathatha usungulo futhi babhoboze isikhala endlebeni yakho, futhi-ke wawufanele ukuthi usebenzele leyo nkosi yezigqili insuku zakho zonke.

48 Ngumfanekiso bani opheleleyo weVangeli likaJesu Khristu! Lapho Litshunyayelwa, isikhathi somusa, futhi lesikhathi seJubhili; loba ngubani, kungenani lokuthi ungubani, ungumbala bani, uyinhlanganiso yesonto bani oyiyo, utshone kangani esonweni, kumbe yini okubi ngawe; ungakhululeka lapho usizwa uphondo lweVangeli lukhala. Ukhululekile!

49 Kodwa nxa ufulathela uMbiko futhi wale ukuwuzwa Wona, nanzelela, wawubhotshozwa endlebeni, ngosungulo. Lokho kutsho, ukuthi, usuweqe umzila phakathi komusa lokwahlulelwa, futhi awusoze ulizwe iVangeli futhi. Awusoze ufike ngaphi. Kumele ube yisigqili kuhlelo lolo okilo, insuku zakho zonke, nxa usala ukuzwa umnyaka womusa.

50 Manje, eyinye ingxenye yakho, njengoba ngitshilo, engadingekiyo ukuphendulwa, ngoba luMesiya ozayo, isikhathi khathesi, kulapho Azaleta khona ukwahlulela.

51 Manje, babengehluleka kanjani labo bantu ukubona ukuthi Waye Ngubani? Bakweqa kanjani? Kwakungaba njani, lapho kwenziwa kwabasobala futhi kwatshengiswa? Kwabeqa kanjani ukukubona? Lapho E . . .

52 YiLizwi bani! Cabanga ngakho, “Lamuhla luMbhalo ugcwalisekile phambi kwamehlo enu.” Ngubani owakutshoyo? UNkulunkulu ngoKwakhe, Lowo ongumchasisi weLizwi Lakhe ngoKwakhe. “Lamuhla luMbhalo ugcwalisekile.” UMesiya, ngoKwakhe, emile ebukhoni bebandla futhi ebala iLizwi eBhayibhili, elimayelana Ngaye, futhi-ke esithi, “Lamuhla luMbhalo ugcwalisekile,” futhi kunjalo behluleka ukuKubona.

53 Kuyingozi bani okwakuzakuba yiyo, kodwa kwenzakala. Kwenzakele izikhathi ezinengi. Kwakungenzakala kanjani? Yebo sibili, njengalokho okwenzakala kwezinye izikhathi, ngokukholwa ukuchasisa kwabantu iLizwi. Yikho okwakubangelayo. Lawo makholwa kulezo nsuku, ababezithi ngamakholwa, babethatha incazelo yalokho umpristi ayekukhulumile ngoMbhalo. Ngakho-ke uJesu, engasuye womunye wabo kumbe amasosayithi abo, Waxotshwa phakathi kwabo.

54 Futhi, njalo-ke babengeke baMbale kanye labo, ngoba Waye yahlukile kubo. UBuntu bukaJesu Khristu babubalulekile okokuthi akula loyedwa owayefanele equwe yikubona ukuthi leyo kwakuyiNdodana kaNkulunkulu, ngoba Wayeyinkomba epheleleyo yoMbhalo owawubhalwe Ngaye.

55 Yiyo indlela loba nguphi umKhristu aziwa ngayo, lapho impilo ikhomba zona lezo zinto umKhristu afanele ukuzenza.

56 Wayengema kanjani lapho futhi athi, “Lamuhla luMbhalo ugcwalisekile khona phambi kwamehlo enu!” Kumangalisa kanjani, kusobala kanjani, futhi kukanti abantu labo abazange bazwisise. Ngani? Kungenxa yokuthi bathatha ukuchasisa kwendlela yabapristi labo abababalalela.

57 Futhi imbali ihlezi iziphinda. Futhi uMbhalo ulomutsho okabili Kuwo, futhi lesambulo esikabili.

58 Njengalokhu, njengoba kutshiwo eBhayibhilini, ukuthi, “Ngibize indodana yami ukuthi iphume eGibhithe,” kusitsho uJesu. Landezela umphetho wekhasi kulokho, futhi uyathola ukuthi, futhi kwakusitsho uJakhobe, uMbhalo ofanayo. UJesu wayeyiNdodana Yakhe enkulu. UJakhobe waye yindodana Yakhe Ayibiza yaphuma eGibhithe, leso silandelezeli semibhalo yeScofield futhi lezinye izilandelezeli ezikuphayo, ngoba yiwo uMbhalo okwakukhulunywa ngawo. Ngakho kwakule—lempendulo ekabili; yayilempendulo kuJakhobe ebizwe waphuma, loJesu ebizwe waphuma.

59 Futhi kunjalo lamuhla! Kungenxa yokuthi siphakathi kwesiyaluyalu njengalokho esiyikho, futhi abantu bayehluleka ukubona iQiniso likaNkulunkulu, kungenxa yokuthi kulokuchasisa okunengi okwenziwe ngabantu kweLizwi likaNkulunkulu. UNkulunkulu kadingi muntu ukuchasisa iLizwi Lakhe. Ungumchasisi Wakhe ngoKwakhe.

60 UNkulunkulu wathi, ekuqaleni, “Akube lokukhanya,” futhi kwaba lokukhanya. Lokho kakudingi kuchasisa.

61 Wathi, “Intombi izakhulelwa,” futhi yakhulelwa. Lokho kakudingi kuchasiswa.

62 Lapho... Ingcazelo kaNkulunkulu yeLizwi Lakhe kulapho Eliqinisa lokuLibonakalisa ukuba njalo. Yiyo ingcazelo Yakhe, ngokulenza ligcwaliseke. Yikho lapho ingcazelo kaNkulunkulu ekhona, kulapho Esenza iLizwi Lakhe ligcwaliseke. UyaLichasisa kuwe.

63 Njengokuthi uba kwakungakaze kube lokukhanya, futhi Wathi, “Makube khona ukukhanya,” futhi kwaba khona, lokho kakudingi muntu ukuthi achasisa.

64 Kodwa siyathola inhlelo ezenziwe ngabantu zixutshaniswe Lakho, futhi, lapho ukwenza, uya—uyaKukhupha phandle komzila. Kuhlezi kungaleyo ndlela.

65 Kodwa ngilokhu ngicabanga ukuthi kwakumangalisa kanjani. Cabanga ngakho, uMesiya! Kungani behluleka ukuMbona? Ngoba, abakhokheli babo okwakufanele babeMazi, labo ababemele begxilile eMbhalweni, ababemele babe lokuzwisisa kweMibhalo, bayeyisa liNdoda futhi bathi, “Ungumntwana ozelwe ngobufebe, kwa—kwasekuqaleni. Singeke sikukholwe Lokho.”

66 Iminyaka elandelayo, asikukholwa lokho. Singafela isizatho sokuthi wayeyiNdodana ezelwe yintombi.

67 Futhi kuzakwenzakala ngolunye usuku ukuthi, uqobo lwezinto esibona uJehova ezenza lamuhla, abantu ezikhathini ezizayo, nxa zikhona, bazafela linto esikhuluma ngayo lamuhla. Kuzamele ukwenze lapho uphawu lwesilo lusiza,

futhi kawuvunyelwa ukutshumayela iVangeli ngalindlela. Lapho umanyano omkhulu wamabandla usiza ndawonye, okusehlelweni khona khathesi okwebandla lomhlaba, uzamele ubeke uphawu ubufakazi bakho ngempilo yakho, kuLokhu.

⁶⁸ Kumele ukuKholwe khathesi. Nxa abapristi labo bengavuka, labo abamaMlahlayo, babengeke baMlahle. “Kodwa,” uthi, “nxa ngangingabe ngikhonale, ngangizabe ngenze *okunje-lo-kunje*.” Awu, leso kwakungesiso isikhathi sakho. Kodwa, lesi yisikhathi sakho, lesi yiso isikhathi.

Uthi, “Awu, aluba Wayelapha!”

⁶⁹ IBhayibhili lathi, “Ungofanayo izolo, lamuhla, lanininini,” ofanayo, ngakho Ulapha. Kodwa, Ulapha. Njengoba umhlaba usuphucukile, wabamkhulu, futhi wafunda kakhulu; Ulapha esimweni sikaMoya, leso abangeke basibulale kumbe bawubulale. Wafa kanye; Angeke afe futhi. Wayemele enziwe abe yinyama ukuze kuthi uNkulunkulu abulawe enyameni, ngenxa yesono. Kodwa lesi sikhathi Wayengeke afe; KunguMoya oNgcwele.

⁷⁰ Manje, ukukucabanga ukuthi kanjani babelazo izinto ezimelana Laye! Enye into, yilokho ukuthi Wayengeke azihlanganise kuloba yiwaphi amaqembu abo. Khonake, uyabona, lokho kwakulokhu kumenza Umuntu omubi. Wayengeke ajoyine inhlanganiso zabo—zabo, wayengeke ajoyine ubupristi babo, futhi Wayengeke abe lani lokokwenza lakho. Futhi-ke ngaphandle kwakho konke lokho, Wazama ukudilizela phansi lokho ababekwakhile.

⁷¹ Waya ethempelini. Simbiza ngokuthi iNdoda emnene; Wayenjalo, kodwa izikhathi ezinengi kasizwisisi lokho ubumnene obuyikho.

⁷² Waye yiNdoda elesihawu, kodwa kukanti siyehluleka kwezinye izikhathi ukuzwisisa lokho isihawu esiyikho. Hatshi uzwelo lomuntu, akusiso isihawu. Kodwa *isihawu* kuyi “kwenza intando kaNkulunkulu.”

⁷³ Wadlula echibini lase—laseBethesda, isango. Lapho kwakulele abantu, amaxuku abo. Amaxuku akusilo inani elithile. Kodwa lapho kwakulele amaxuku; abaqhulayo, iziphofu, izilima, abatshwabheneyo. Futhi Wayelesihawu ebantwini, izikhathi zonke. Futhi Waya emuntwini oyedwa owayengaqhuliyo, engasosiphofu, isilima kumbe otshwabheneyo; mhlawumbe owayelohlupho lweprostata, mhlawumbe wayelobuthakathaka obuncinyane lokho okungelamandla. Wayelakho okweminyaka engamatshumi amathathu lesificaminwembili. Kwakungasoke kumkathaze, kwakungasoze kumbulale. Wayelele phezu kwethala. Futhi Wathi, “Ungathanda ukuphiliswa?”

⁷⁴ Futhi indoda yathi, “Angila muntu ukungifaka emanzini, kodwa lapho ngisiza, awu, omunye uyehla phambi kwami.”

Bona, wayehamba, wayebona, wayehambahamba, kodwa wayebuthakathaka nje.

⁷⁵ Futhi uJesu wathi kuye, “Phakama. Thatha umbheda wakho futhi uye endlini yakho.” Futhi uJesu wabuzwa ngalokho, ngoba liyakhumbula uMbhala wakutsho lokhu.

⁷⁶ Akumangalisi! Nxa Wayengabuya eJeffersonville lobubusuku futhi enze isenzo esinjalo, babezabe belokhu bekhuluma Ngaye.

⁷⁷ Kodwa, khumbula, Weza ukuzokwenza into eyodwa, kwakuyintando kaNkulunkulu. Manje, lokho kutholwa kuJohane oNgcwele 5:19, uzathola impendulo. Wathi, “Ngqiqinisile, ngiqinisile, ngithi kini, iNdodana ayingeke yenze ulutho ngoKwayo; kodwa lokho Akubonayo uBaba ekwenza, lokho iyakwenza iNdodana.”

⁷⁸ Manje, babemele babekwazi ukuthi lokho kwakuyikuqiniseka kwesiprofethi sikaMose, “Ngoba iNkosi uNkulunkulu wakho izakuvusa umProfethi ofanana lami.”

⁷⁹ Unanzelele, lapho Embona lundoda, Wathi... UJesu wayekwazi ukuthi wayesesimweni lesi okweminyaka eminengi. Bona, engumProfethi, Wabona lindoda kuleso simo; futhi wehla phansi lapho futhi ephendla—ephendla indlela Yakhe kulabo bantu, edabula phakathi kwexuku, waze Wafumana leyo ndoda ethile.

⁸⁰ Wedlula abaqhulayo, izilima, iziphofu, labatshwabheneyo, kodwa iNdoda egcwele isihawu. Kodwa, *isihawu* yi “kwenza intando kaNkulunkulu.”

⁸¹ Manje, siyaMthola, lapho Engazihlanganisi labo, Waye ngelani lokwenza phakathi kwamaqembu abo, khona-ke Waba ngolahliweyo. Wayengeke abele... .

⁸² Ngaphandle kwalokho, Waya ethempelini ngolunye usuku. INdoda yaya phakathi lapho futhi yafumana indlu kaNkulunkulu ingcole phose nje njengalokho eyikho lamuhla. Babethenga, bethengisa, bentshintsha imali. Futhi Wagenqula amatafula emali; wathatha intambo futhi wazeluka, futhi watshaya abantshintshi bemali baphuma ethempelini. Futhi wabakhangela ngolaka, futhi wathi, “Kulotshiwe,” haleluya, “Indlu kaBaba Wami yindlu yomkhuleko; futhi seliyenze ubhalu lwamasela. Futhi lina, lemikhuba yenu, selenze imilayo kaNkulunkulu yangabi lamsebenzi.”

⁸³ O, ixuku elinjengalelo lalingakholwa Kuye? Hatshi, mnumzana. Babe bhixike njenge ngulube phakathi kodaka lwama sosayathi futhi lokungcola kosuku, baze bawoma ngomqando wezenkolo baze bangasezwa ukudikiza kwaMandla kasoMandla uNkulunkulu. Akumangalisi umfazi omncinyane wayebamba isambatho Sakhe futhi wasiliswa Ngaso; futhi isotsha elidakiweyo lakhafulela ebusweni Bakhe futhi langezwa

amandla! Kuya ngokuthi usondela kanjani Kukho. Kuya ngokuthi udingani. Lapho usiya ebandleni, kuya ngokuthi udingani.

⁸⁴ Manje siyaMbona emile lapho. Kungela kuthandabuza kodwa ukuthi abantu basebevele bamxwayisa, ukumxwayisa... umpristi wayexwayisile abantu, “Manje Uyeza lapha ngeSabatha elilandelayo, futhi, lapho Ekwenza, lingaMlaleli. Manje, ungahamba uyehlala lapho, kodwa ungalaleli kulokho Akutshoyo, ngoba Akasuye weqembu lethu. Ungolahliweyo. Akala khadi lobudlelwano. Akala ngitsho lenhla-... iphepha lenhlanganiso kanye laye. Akala lutho olunjengalokho.”

“Uyini?”

⁸⁵ “Okunye okumfana okungumhlamuki okwazalelwa phansi lapha, kwazalwa ngobufebe, endlini yombazi, lowo unina waMkhulelwa bengakatshadi, futhi bazama ukucatshisa linto ngento kamoya.

⁸⁶ “Siyakwazi lokho, lapho uMesiya esiza Uzakwehla phansi ngemigwaqo yaseZulwini futhi aye kumpristi wethu omkhulu futhi athi, ‘Nangu Mina ngilapha, Khayafasi.’” Kodwa siyakuthola ukuthi Akazange akwenze ngaleyo ndlela, ngoba kwakungalotshwanga eLizwini ngaleyo ndlela. Kwaku ngumkhuba owenziwe ngabantu okwababangela ukuthi bakholwe lokho.

⁸⁷ ILizwi lalikhulume ukuthi Uzabuya nje ngendlela Abuya ngayo. Futhi lapho Wema, ebala iLizwi, futhi esithi kubo, “Lamuhla luMbhalo ugwalisekile emehlweni enu.” Futhi balokhu besehluleka ukuMbona kumbe ukuMnanzelela, njengabakwenzayo kwezinye izikhathi zonke.

⁸⁸ UNowa wayengabe ekhulume into efanayo, usuku angena ngalo emkhunjini futhi umyango wavaleka. UMose wayenga phakamisa ifasitela phezu komkhumbi, akhangele phandle phezu kwebandla... Khumbula, uNkulunkulu wavala umyango. Futhi wayengabe ethe, “Lamuhla luMbhalo ugwalisekile emehlweni enu,” kodwa isikhathi sasesidlulile kubo. Watshumayela iminyaka elikhulu lamatshumi amabili, ukuzama ukubangenisa kulowo mkhumbi ayewakhile, ebatshela ukuthi uMbhalo wathi, “ITSHO KANJE INKOSI, kuzakuna,” kodwa balinda isikhathi eside. Kodwa uNowa wayengakutsho kalula ukuthi, “Lamuhla, lolusuku, uMbhalo ugwalisekile.”

⁸⁹ UMose, ngosuku olufanayo iNsika yoMlilo eyehla phansi eNtabeni yeSinayi futhi yafakazela ubufakazi bakhe, uMose wayengabe wathi, “Lamuhla luMbhalo ugwalisekile.”

⁹⁰ UMose, liyazi, waye eyindoda ebizwe nguNkulunkulu, umprofethi. Futhi lapho esabizwa, engumprofethi, kwakumele abe lesehlakalo sikamoya. Ukuze abengumprofethi, kwakumele ahlngane loNkulunkulu ubuso ngobuso lokukhuluma Laye.

Futhi enye into, lokho akutshoyo kwakumele kugcwaliseke, kungenjalo akula muntu owayengamkholwa.

⁹¹ Ngakho akula muntu olungelo ukuzibiza kanjalo kuze kuthi akhulume ubuso ngobuso loNkulunkulu, ngemuva kwenkangala kweyinye indawo, lapho ahlangana loNkulunkulu, ngokwakhe. Futhi bonke abaphika unkulunkulu emhlabeni babengela kukuchasisa bakususe kuye; wayekhona lapho, wakwazi ukuthi kwenzakala. UmKhristu wonke kumele abe lesehlakalo leso ngaphambi kokutsho ulutho ngokuba nguMkhristu. Isehlakalo sakho wedwa!

⁹² Ngakhuluma lomzukulu wami, isikhathi esedluleyo, umfana omncane weKatolika, owathi, “Malume Bill, ngigijime kusukela lapha ngisiya laphana, ngisiya yonke indawo, ngizama ukufumana ulutho.” Ubusuku ngobusuku, lumhlangano ungakaqali, ubekhala. Futhi ngesikhathi sobusuku, ubephupha amaphupho wokungena, egijima esiya elathini, lapho kutshunyayelwa, lokwenza isivumo kokuthi ubengalunganga.

⁹³ Ngathi, “Melvin, kungelani lalapho ozama ukuyakhona, mangaki amabandla owajoyinawo, bangaki o ‘Sakubona Mariya,’ obatshoyo, kumbe zingaki izibusiso ozithola emuntwini, kumele uzalwe kutsha ngoMoya kaNkulunkulu. Yinto kuphela engasuthisa inhliziyu yomuntu.”

⁹⁴ Yikho, ngiyakwazi balesibambiso, lamuhla, esokuzalwa kutsha, xhawula izandla nje lomtshumayeli lokufaka ibizo lakho ebhukwini. Kodwa, bangane, lokho yisivumankolo. Kayisilo Qiniso leBhayibhili. Nxa kwakuyikho, iMsebenzi yabaPostoli, isahluko 2, yayizamele ibalwe kanje, “Lapho iLanga lePhentecosti selifikile, umfundisi waphuma phandle futhi waxhawula izandla labantu.”

⁹⁵ Kodwa lathi, “Lapho selifikile iLanga lePhentekhosti,” ekusungulweni kweBandla, “kweza lapho umdumo uvela eZulwini njengomoya olamandla ovunguzayo, futhi wagcwalisa indlu yonke lapho ababehlezi khona.” Yiyo indlela uMoya oNgcwele owabuya ngayo kuqala. Yiyo indlela Obuya ngayo sonke isikhathi kusukela leso sikhathi. UnguNkulunkulu, futhi akaguquki. Manje, Kuyakhubekisa abantu.

Bathi, “Lokho kwakungokwelinye ilanga.”

⁹⁶ Awu, Ungofanayo izolo, lamuhla, lanininini. Sonke isikhathi lapho iBandla lisemukela uMoya oNgcwele, Uhlezi usiza njengalokho Akwenzayo kuqala, phansi kwesilayezo esifanayo, iMisebenzi 2:38; akukaze kuntshintshe, akusoze kuntshintshe.

⁹⁷ Njengesilayezo sikadokotela somuthi olotshelwe umkhuhlane. Uzabhala isilayezo somuthi womkhuhlane udokotela uyakwenza. Futhi akuyise komunye ongafundelanga ezemithi, futhi afake umuthi omisa itshefu omnengi kuso, uyabe ungasela mandla awukusizi lutho; nxa engafaka itshefu enengi

kuso, kuzakukubulala. Kufanelwe kubhalwe njengokutsho kukadokotela.

⁹⁸ Futhi lesilayezo esilotshiweyo sikadokotela esokuthi wamukela kanjani uMoya oNgcwele sisiphiwa nguDokotela Simoni Phetro, ngeLanga lePhetekhosti. “Ngizalnika isilayezo somuthi olotshiweyo. Phendukani, lonke ngamunye wenu, futhi libhaphathizwe eBizweni likaJesu Khristu, kukho ukuthethelelwa kwezono, futhi lizakwamukela isipho sikaMoya oNgcwele. Ngoba isilayezo somuthi olotshiweyo ngesalabo abakude, futhi lalabo bonke iNkosi uNkulunkulu wethu ezakubabiza.” Isilayezo somuthi esilaPhakade!

⁹⁹ UMose wayebe lesenzakalo lesi. Wehla phansi elizweni futhi waqala ukutshela abantu, “Ngihlangane leNsika yoMlilo. Yayi sesihlahleni esivuthayo. Futhi Ungitshele ukuthi ngilitshela, ‘NGINGUYE ENGINGUYE. Yehla phansi; Ngizakuba lawe. Thatha intonga esandleni sakho futhi uyiphakamisele phezu kweGibhithe; loba yini okucelayo, kuzakwenziwa.’”

Awu, mhlawumbe omunye umpriisti wathi, “Ngumbhedo!”

¹⁰⁰ Kodwa lapho bebona iqiniso loqobo lwalokhu, kusenzeka, kugcwaliseka, babengasela kukubamba. Babakwazi ukuthi wayethunywe nguNkulunkulu.

¹⁰¹ Khona-ke, nxa uMose wathi wakubona lokho, futhi wafakaza kukho ukuba liQiniso, khona-ke uNkulunkulu ubotshelwe, nxa lokho kuliQiniso, ukubonakalisa lokuqinisa ilizwi lalowomuntu, iQiniso. Kuliqiniso lokhu.

¹⁰² Nxa uJesu Khristu wema lapho futhi wabala, ngalolusuku, “Lamuhla leliLizwi ligcwalisekile phambi kwenu,” UNkulunkulu ubotshelwe ukwenza lelo Lizwi ligcwaliseke.

¹⁰³ Sima lapha kulobubusuku futhi sithi, ukuthi, “UJesu Khristu ungofanayo izolo, lamuhla, lanininini.” UNkulunkulu ulomlandu ukutshengisa lokho ukubanjalo, ngoba KuliLizwi Lakhe. Manje, kuyini okukwenzayo? Kuthatha ukholo, ekukholweni Khona. Kuthatha ukholo, ekukholweni iLizwi Lakhe, ukuthi LiliQiniso.

¹⁰⁴ Nanzelela lokho okwagcwalisekayo lapho uMose ekhupha abantwana phandle, labo bonke abamlandelayo. Labo abangalandelanga bahlala eGibhithe. Kodwa labo abalandela uMose, lapho bephuma oLwandle oluBomvu futhi bangena enkangala, uNkulunkulu wehla phansi eNtabeni yeSinayi. Leyo Nsika yoMlilo yalumathisa intaba yonke ngomlilo, futhi iLizwi lakhuluma liphuma lapho, futhi uNkulunkulu wapha imilayo elitshumi.

¹⁰⁵ UMose wayengabe efike lapho phambi kwabantu, futhi athi, “Lamuhla uMbhalo lowo engilitshela wona, njengomprofethi Wakhe, uyagcwaliseka lamuhla. Ngilitshelile ukuthi uNkulunkulu uhlangane lami, futhi phezulu ngale

esihlahleni esivuthayo, ngeNsika yoMlilo, futhi Wathi lokhu, 'Ngiza . . . Lesi sizakuba yisibonakaliso. Uzakubabuyisela khona emuva kulindawo lapha futhi.' Futhi kulo Nkulunkulu, eNsikeni yoMlilo efanayo engalitshela ukuthi Wayekuyo, ilenga khona phetsheya entabeni. Lamuhla lesi siprofethi sigcwalisekile. Nangu Elapha ukuzoqinisa ukuthi izinto engizikhulumileyo ziliQiniso."

¹⁰⁶ Nkulunkulu sinike amadoda amanengi anjalo, abathembekileyo labaqinisekileyo labakhuluma iQiniso, ukuthi uNkulunkulu usoMandla engaqinisa ukuthi iLizwi Lakhe lokhu liliQiniso! Uhlala engofanayo izolo, lanininini. Kungani wayengeke Akwenze? Wathembisa ukukwenza.

¹⁰⁷ UJoshuwa wayengabe wakhuluma okufanayo, ngosuku lolo abuyela ngalo eKadeshi-baniya, lapho ababehambe umango omude enkangala. Babethandabuza ilizwe lisiba luhlobo lelizwe uNkulunkulu athi lizakuba yilo. Kodwa uNkulunkulu wabatshela ukuthi kwakuyilizwe elihle, laligeleza uchago loluju. Futhi uJoshuwa loKalebi kwakuyibo ababili kuphela ababekukholwa, ngaphandle kwabanye abalithumi abasalayo. Lapho bephenduka, babelobufakazi; babelesixha samagilebusi esasingathwalwa ngamadoda amabili alamandla.

¹⁰⁸ UJoshuwa loKalebi babengama lapho futhi bathi, "Lamuhla luMbhalo ugcwalisekile. Nampu ubufakazi ukuthi kulilizwe elihle." Sibili. Ngani? "Nampo ubufakazi ukuthi lilizwe elihle. Wake wathola ngaphi izinto ezinjengalezo, eGibhithe? Kwakungela ndawo ezinjalo. Kodwa lamuhla luMbhalo ugcwalisekile."

¹⁰⁹ Wayengayikhuluma into, efanayo, lapho eprofetha futhi wathi imiduli yeJerikho yayizawela phansi emva kokuba sebematshile babhoda kasikhombisa, izinsuku eziyisikhombisa, kasikhombisa ngosuku. Futhi sebematshe lesosikhathi sokucina, imiduli yawela phansi. UJoshuwa wayengasukuma futhi athi, "Lamuhla iNduna eNkulu yeNkosi yamabandla eyangitshela amaviki adlulileyo ukuthi kuzakwenzakala njenga lokhu, lamuhla luMbhalo ugcwalisekile." Nanso imduli ilele, ibhazalele emhlabathini. "Wozani, asihambeni siyelithatha. Ngelethu. Lamuhla luMbhalo ugcwalisekile."

¹¹⁰ Kumangalisa okunganani, amadoda kaNkulunkulu amela izinto ezilungileyo!

¹¹¹ UIsrayeli, emfuleni, lapho sebethumbe ilizwe, bachapha. Bazakwenza njani? Yinyanga kaMabasa. Izikhukhula ziyeza phansi ngoba iliqhwa liyancibilika, phezulu eJudiya. O, induna ehlulekayo kwabonakala sengathi uNkulunkulu wayenjalo, ukuletha abantu Bakhe lapho, ngenyanga kaMabasa, lapho iJordani yayiphakeme emuva kulalokho eyayiyikho. Ngezinye izikhathi. . .

112 Ngingama lapha, nxa bengilesikhathi, ukulipha nje iseluleko esincinyane. Kwesinye isikhathi ungabe uhlezi phandle lapho ulemvukuzane, kumbe ungabe uhlezi ulomkhuhlane; ucabanga “Kungani, mina, ngingumKhristu, ngibe ngalindlela? Kungani ngihlezi njengalokhu, nxa ngingumKhristu?” Ngezinye izikhathi uNkulunkulu uyavumela izinto ukuthi zibe mnyama awungeke ubone phezulu, emaceleni, kumbe loba kuyiphi indawo, futhi-ke Uyabuya futhi akwenzele indlela, ukuthi ungathi, “Lamuhla luMbhala uyagwaliseka, lowo Athembisa ukuwenza.”

113 Wavumela abantwana bamaHebheru bangene khona phakathi kwesithando somlilo. Bathi, “UNkulunkulu wethu uyenelisa ukusikhulula kulumlilo esithandweni. Kodwa, kungenani, asiyi kukhothamela isithombe senu.” Lapho bephuma phandle kwalapho, umnuko wesithando phezu kwabo...kungela mnuko wesithando, bengizama ukutsho, kubo; babengabe bethe, “Lamuhla luMbhala ugcwalisekile.”

114 Lapho uDanilyeli ephuma emhumeni wezilwane, wayengakhuluma into efanayo.

115 UJohane uMbaphathizi. Emva kweminyaka engamakhulu amane yemfundiso yabafundisi, akumangalisi ibandla lelo laliphakathi kwengxabangxoza lesosikhathi! Lapho ebonakala enkangala, eJordani, wayengabe wema khonalapho ekhunjini, njengoba wenza, futhi athi, “Lamuhla luMbhala, uIsaya 40, ugcwalisekile.”

116 Bengingama kanjani lapha futhi ngilitshela lokho lowo mpristi omdala angitshela khona! Wathi, “Ndodana, awuzange uqede lowo Mbiko.”

Ngathi, “Hlala uthule.”

Wathi, “Utsho ukuthi wona amaPhentekhosti abakuboni lokhu?”

Ngathi, “Hatshi.”

117 Wathi, “Ngiyakubona.” Njalo engumpristi weKatolika, futhi! Uh-huh. Wathi, “Kungani ungazange uqhubekele phambili?”

Ngathi, “Hlala uthule.”

Wathi, “Dumo kuNkulunkulu! Ngiyakubona khona.”

118 Futhi phose ngaleso sikhathi uMoya oNgcwele wehlela phezu kukadadewabo, ehlezi lapho emhlanganweni. Futhi waphakama, ekhuluma ngendimi ezingaziwayo, futhi wapha ingcazelo yezinto uqobo lezo umpristi lami esasikhuluma ngazo, kupulathifomu. Ibandla lonke, indawo yonke, lakhamuluka. Kwaqhubeka kusiya emhlanganweni omkhulu kaOral Roberts ngeviki edluleyo, kumbe iviki ngemuva kwayo, futhi kwabayinkulomo emhlanganweni omkhulu. Ukuthi kanjani lowo mpristi... Ehlezi ngaphansi koMoya oNgcwele, wembula phakathi lapho ngowesifazane, udadewabo ngiyakholwa

kwakunguye, okwakusenzakala phezulu lapho kupulathifomu, futhi wembula leyo nto esasiyifihla.

¹¹⁹ Ihola esiphila kulo, lamuhla luMbhalo ugcwalisekile. Lamuhla ukuKhanya kwantambama sekubuyile, futhi siyehluleka ukuKubona. Nanzelela.

¹²⁰ UJohane wathi, “Lamuhla ngiyi ‘ilizwi lomemezayo enkangala,’ njengokwa khulunywa mgumprofethi uIsaya. Lungisani indlela yeNkosi!”

¹²¹ Kabazange bakuzwisise. Bathi, “O, unguJesu . . . ungu—ungu Khristu,” bengisitsho.

¹²² Wathi, “Kangisuye uKhristu.” Wathi, “Angifanelanga ukuthukulula izicathulo Zakhe. Kodwa,” wathi, “Umile phakathi kwenu, kweyinye indawo,” ngoba wayeqinisekile ukuthi Uzakuba lapho. Wayezakuba osukwini lwakhe, ngoba uNkulunkulu wamtshela wayezakwazisa uMesiya.

¹²³ Ngolunye usuku kwabuya iNdoda encinyane ihamba phansi lapho, futhi wabona sengathi yikuKhanya, ngaphezu Kwakhe, isibonakaliso. Futhi wamemeza “Khangela iWundlu likaNkulunkulu! Lamuhla luMbhalo ugcwalisekile phambi kwenu.” Sibili.

¹²⁴ Ngosuku lwePhentekhosti, ukuthi uPhetro wema kanjani futhi wacaphuna uMbhalo wabo, kaJoweli 2:38. Lapho, babehleka bonke, abantu labo. Babengenelisi ukukhuluma ngolimi lwabo. Babegagasa into ethile. IBhayibhili lathi, “Izilimi eziyimbaxa.” *Imbaxa* kuyi “kwehlukana” ulimi, ungatsho lutho, ukugagasa nje. Begijima bebhoda njengexuku labantu abadakiweyo!

¹²⁵ Bonke bathi, “Awu, laba bantu badakiwe. Bakhangeleni, khangela ukuthi benza njani, ukuthi kanjani bona abafazi lamadoda. Abahlelekanga,” kwatsho leloqembu labezenkolo lwalolosuku.

¹²⁶ UPhetro wasukuma phakathi kwabo, wathi, “Madoda labazalwane, lina elihlala eJerusalema, lani elihlala eJudiya, kakwaziwe kini lokho ukuthi laba kabadakwanga, njengoba licabanga, libona lihola lesithathu losuku. Kodwa lokhu yilokho okwakhulunywa ngumprofethi uJoweli, ‘Kuzakwenzakala ensukwini zokucina, Ngizathulula uMoya Wami phezu kwenyama yonke.’ Lamuhla luMbhalo wagcwaliseka.” Qiniso.

¹²⁷ ULuther weza ngesikhathi. UWesley weza ngesikhathi. IPhentekhosti yeza ngesikhathi. Akula lutho oluphandle kohlelo.

¹²⁸ Manje ngiyacela ukuthi linake isizukulwane lesikhathi esiphila kuso khathesi, kanye leLizwi elithenjisiweyo lalamuhla. Nxa emuva kwezinye izikhathi, abantu babesithi, “lamuhla luMbhalo,” “lamuhla luMbhalo,” manje-ke uMbhalo walolusuku? Kuyini okuthenjisiweyo kwalolusuku?

Simi ngaphi? Siphila kuhola liphi; lapho inkombalanga itshaya, inkombalanga yesayensi, imizuzu emithathu kungakabi phakathi kobusuku? Umhlaba uyaqhuqha. Ibandla lisembhedeni wokonakala. Lapho akulamuntu owaziyo lapho abame khona. Yisikhathi bani sosuku esiyiso? UMBhalo walolusuku ke? Izimo zebandla, kumbe, izimo zebandla lamhlanje!

¹²⁹ Emhlabeni, ipolitiki, uhlelo lomhlaba wethu, ubolile njengalokho ongaba yikho. Angisuye wezepolitiki. NgingumKhristu. Kodwa, angila msebenzi ngokukhuluma ngezepolitiki, kodwa ngifuna nje ukuthi ngithi babolile kunhlangothi zombili.

¹³⁰ Ngavota kanye, lokho kwaku ngokukaKhristu; ngimele ngingqobe. Udeveli wavota ephikisana lami, futhi uKhristu wangivotela; kuya ngokuthi yiphi indlela engiphosela khona ivoti yami. Ngiyathokoza ngayiphosela Kuye; yeka umhlaba ukhulume lokho okufunayo. Ngilokhu ngisakholwa ukuthi Uyafana izolo, lamuhla, lanininini. Uzakutshengisa. Ngeqiniso uzakwenza. Sibili.

Ukungezeleleka kobugebenga, ukungezwa kwabantwana!

¹³¹ Khangela isizwe sethu, sake saba liluba lomhlaba. Intando yabanengi yabunjwa emuva le e—e ku...ku menyezalweni kwenkululeko. Futhi isimemezero senkululeko sasayinwa, futhi saba lentando yabanengi. Futhi labokhokho bethu, futhi lezinto abazenzayo; sasilesizwe esikhulu.

